

# *AMANZI AHLALA EKHONA*

## *EVELA EDWALENI*

 Silokubonga lokhu kusa ngoBukhona beNkosi uNkulunkulu, lobo obuzaqala ukuqala kwenkonzo ngokusinika umbiko, ukuthi—ukuthi kumele “silalele, sihloniphe” phambi Kwakhe, ukuthi Ulento yokukhulumka kithi. Ngileqiniso ukuthi Uzakwenza lokho Akuthembisileyo. Uhlezi egcina iLizwi Lakhe. Futhi silokuthokoza ukubuthaniswa ndawonye, siphila, langakuloluhlangothi lobulaPhakade lokhu kusa, futhi senelise ukukhonza iNkosi njalo, lokuzibuthanisa ndawonye lokuzwa kuvela Kuye. Yiso isizatho sisiza ndawonye, kungokwalinjongo uqobo.

<sup>2</sup> Manje, ngijume uMfowethu Neville, kungakhangelelwanga, lamuhla, ngenxa yephupho elithile engibe lalo. Ukuthi... Ngiyakhola e... Ngi... emaphutshweni. Ngiyakhola ukuthi uNkulunkulu usebenza labantu ngamaphupho. Futhi ngaba lephupho elingajwayelekanga, ubusuku bakuthange. Ukuthi, ngangihamba ngaseceleni koqaqa, eceleni koqaqa oluthile, ngisiya endaweni yokudlela lapho engangizakuba ledina lami—lami khona. Futhi ngananzelela ukuthi, lapho ngisondela duzane lendawo, babekhalisa umnyuziki, i-okhestra yayikhala umnyuziki, lamavayolini, lokukholisia abantu lapho besidla. Futhi kwakulenye into mayelana ngakho engingazange ngiyithande, ngakho nje ngayedlula leyonto. Futhi ngihlangana lomuntu owayesiza phezu koqaqa. Futhi ngakhanglela, futhi abantu abanengi babesiza phezu koqaqa kulindawo yokudlela. Kodwa ngenza sengathi ngiyasuka kubo, ngaphendukela kwesokudla, kumbe, kwesenxele.

<sup>3</sup> Futhi ngeyinye indlela, phansi esihotsheni, ngangibona ithabhanekeli. Ngezwa ilizwi lomunye umuntu, lathi “Hlangana loMfowethu Branham emahlanganelweni athize-thize. Uyehla phansi oqaqeni phezulu-le. Futhi umtshele into ethize-thize.” Futhi ngaphangisa ukufika ngasemahlanganelweni lawo.

<sup>4</sup> Futhi lapho umuntu esiza, kwakungu Mfowethu Neville egqoke isudu yakhe ensundu, wakhangeleka njengalokho akhangeleka ngakho ehlezi lapho lokhu kusa. Futhi wathi, “Mfowethu Branham, nxa uzakuba sedolobheni,” wathi, “kuzakuba yi—yinto enhle kuwe ukubuya phansi, ngoba uMfowethu Hank...” Manje, lowo oyedwa engimaziyo kuphela, uMfowethu Hank, nguMfowethu Henry Carlson, simbiza ngokuthi Hank. Wathi, “Engacabanga ukuthi kwakungazwisiseki ukuthi awuzange uvakatshele ithabhanekeli

kakhulu lapho uzakuba usedolobheni, kumbe edolobheni okwezinsuku ezinlutshwane.” Ngavuka.

<sup>5</sup> Futhi, kulokho, ngezwa angathi angizwisiseki. Ngangingafuni ukuphongukuthutsha kuleso sikhathi seviki, ngaze ngabuza uMfowethu Neville nxa wayelento ekhethekileyo okwalokhu kusa, okwebandla. Ngakho wayelomusa, njengasonke isikhathi, wathi, “Buya phansi.” Ngakho, sibuyile nje. Ngimfonele izolo emini yantambama, futhi ngabuya kulokhu kusa, kungakhangelewanga kuloba nguphi wethu.

<sup>6</sup> Manje ngiyakhola ukuthi kungaba yinto enhle, kuqala, kimi ukuthi ngingathi nje ngi—ngi chasise kini ezinye izinto. Mina ngi, ngokutshiwoyo, umuntu ongajwayekelanga ebantwini abanengi. Futhi ngingazathi angizejwayelanga, njalo. Ngoba, ngiyazama ukulandela ukuhola kukaMoya oNgcwele, ngokuseduze ngengingakwenza. Futhi lokho kusenza abangejwayelekanga, bona. Senza izinto lezo esi—esihlala phansi sibili futhi simangale kwezinye izikhathi, “Kungani ngenze into enjalo na? Ngenze njani into enjalo na?” Futhi khona-ke ungacabanga ukuthi usuyenze khona kanye lokho owawungamelanga ukwenze. Kodwa nxa nje ungabekezelwa, futhi ube lokholo, futhi uleqiniso ukuthi uNkulunkulu ukukhokhelele ukuthi ukwenze, uzafumana ukuthi kusebenza kuhle njani khona kanye. Bona? Futhi izikhathi ezinengi siyafumana lokho. Futhi ngiyazi uMfowethu Neville usethole lokho, izikhathi ezinengi. Futhi abakhokheli labantu bakamoya bayakunanzelela lokho.

<sup>7</sup> Sekube yisikhathi empilweni yami ukuthi... Ngokusobala, kusukela ngisasengumfana nje, angikaze ngizwe khona sibili ukukhokhelwa ukuthi kumele niglihale e—eJeffersonville. Kuhlezi kuyimpukane emafutheni, kimi ukuzama ukuhlala lapha. Indawo yokuqala, umkhathi uyalana lami okuzwisa usizi. Enye into, kukhangeleka ukuba lokubandezeka kukamoya.

<sup>8</sup> Nxa ungabuyla emuva futhi ukhangele kwenye indawo lapha, nxa kwakungazange kuchithwe ngesikhathi sesikhukhula, kulencwadi kulokho emayelana lalokho, engangilayo, kuqala ngibizwa enkonzwensi, ngaqala ukusuka. Futhi uMfowethu George DeArk lami...

<sup>9</sup> Futhi umama kaMfowethu Graham Snelling, uMfowethu Hawkins ongumphathi wendawo ethengisa amafutha emota eNew Albany, labanengi babantu, bahlangana lami ngaphandle komhlangano womkhuleko omncinyane ngalapha. Futhi kwathiwa, nxa ngangihlala, bonke babezaphungula ukudla kwabantwana babo etafuleni, uku—ukwakha ithabhanekeli, ukuze bangathathwa indawo ngendawo.

<sup>10</sup> Lapho ngisizwa lowo mama omcinyane, elengane eyodwa ebambe esandleni sakhe leyinye engalweni yakhe, esithi wayengathanda ukuphungula ukudla kwabantwana bakhe

etafuleni, ukuze kwakhiwe indawo lapho ababengahlala khona futhi bakhonze, kwaba lukhuni sibili ukuba ngikumele. Ngakho uMfowethu George lami sahlangana ndawonye futhi sanquma ukuthi sizahlala futhi sakhe ithabhanekeli.

<sup>11</sup> Futhi lapho ithabhanekeli selakhiwe, lahlala likhangeleka... Ukusa lobo enganikela ithabhanekeli, umbono wabuya, olotshiweyo futhi oselitsheni legumbi lapho, lapho uMoya oNgcwele wathi kimi, "Leli kayisilo thabhanekeli lakho." Bona? Futhi ngabuza lapho ithabhanekeli lami elalikhona, futhi Wangihlalisa phansi ngaphansi kwesibhakabhaka esikhanyayo esiluhlaza. Futhi-ke Wathi, "Yenza umsebenzi womvangeli," lokunjalo, njengoba lisazi. Kubhaliwe loba lasemabhukwini.

<sup>12</sup> Zonke lezo zinto zibekwe ndawonye. Futhi ngolunye usuku lapho ngicenta iguma phezulu lapho lapho uMfowethu Wood ahlala khona manje, futhi umamazala wami wayehlala lapho ngaleso sikhathi; ngahlala emastebhisini angemuva, isitebhusi sekhonkili encinyane endala, leso engangakhele umamazala wami lindawo encinyane. Futhi wayengathi ngumgcini webandla ngaleso sikhathi, elinakekela. Futhi nje kucacile njengaloba nguphi umuntu ongakhulum, iLizwi lakhulum kimi, lathi, "Angisoke ngikubusise nxa ulokhu uhlala lapha. Kufanele uzelukanise ebantwini bakho lalindawo." Awu, mina, lokho nje kwangidabula iziqamuqamu, okungaba yiviki kumbe okwedululisleyo.

<sup>13</sup> Izikhathi zonke, sonke isikhathi, Enye into yangixwayisa, "Suka uhambe, suka uhambe. Hamba ngasentshonalanga. Qhubeka usiya entshonalanga." Awu, ngi... Kuhlezi kungikhathaza. Futhi kukhangeleka njengokuthi sonke isikhathi...

<sup>14</sup> Manje, ngangikwenze kwacaca engqondweni yami ukuthi liviki ngangizandizela eTucson, lapho engangiza renta khona indawo, ukuba lapho lobu busika; ukubeka abantwana esikolo, kuqala ngoMpandula. Ngaba lendawo. Kwaku khona lendawo eyanikezwa kimi lapho. Kodwa kulenyi into leyo... Futhi-futhi nxa sengihambile...

<sup>15</sup> Enye into engizathanda ukuyikhulum. Singakakhi nje lindlu phezulu lapho, indlu yomfundisi, lapho esikhona manje, ngangingafuni ukwakha lapho. Umama womkami wayesemdal. Futhi wakhala mayelana ngakho, wathi, "Angeke nje ngitshiye umama lapha, ngokwazi ukuthi usemdala, futhi angeke abesanakekelwa." Awu, ngakuzwisisa lokho. Ngiyakuzwisisa. Lowo ngumama wakhe, lomama kuphela ake waba laye, kumbe azakuba laye. Ngakho, ngakuzwisisa lokho. Ngakho nga—ngakhuleka eNkosini, ngathi, "Nkosi, kuyikuba kangiyithandi indawo," Ngathi, "ngenze ngisuthiseke. Ngizahamba loba ngaphi Ofuna ngihambe khona, kusukela loba ngaphi. Kodwa kangifuni ukudabukisa umkami, ukumsusa khatshana lalapha,

ekuyeni elizweni elingaziwayo lapho angazi muntu khona. Futhi-ke ngihambile sonke isikhathi, kungenani. Ngenze ngisuthiseke nje ukuba lapha kanye laye.”

<sup>16</sup> Futhi manje, lapho umama wakhe esesusiwe, futhi usehambile eNkazimulweni, khona-ke nanko kusiza ukulangatha njalo, bona, manje ukuhamba. Angazi lokho okokwenza.

<sup>17</sup> Futhi-ke ngolunye usuku lapho limfundiso abazalwane ababesebeyiqalisile ngalapho, ngama kuphuluphithi isikhathi sokucina ngilapha futhi ngalitshela ukuthi angisoze ngibesenkundleni lapho lokho kwakulokhu kuqhubeka. Ngakho, abazalwane ngomusa baqondisa konke lokho. Konke sokulungisiwe. Phakathi kwamahola angamatshumi amabili lane, kwasekuphelile.

<sup>18</sup> Manje lokho kuvula inkundla njalo kimi. Angikwazi lokho okokwenza. Angazi indlela yokuphendukela. Ngicele iNkosi umbono. NgiMcelile ukuthi angitshele ukuthi ngenzeni. Kodwa Uyangiyekela nje ngihlale.

<sup>19</sup> Manje, ubusuku obedluleyo lapho ngisusa abantwana bonke, umkami lakho konke, endlini, ngazinikela eNkosini uNkulunkulu. Futhi ngathi eNkosini uNkulunkulu, “Nxa Ungangibusisa endleleni engiyihambayo, ngizakuKhonza. Kodwa Kuzamele ungitshengise lapho okokuya khona, lokuthi ngihambe njani, lokuthi ngenzeni.” Ngakho, ngazinekela eNkosini. Kanye le—le nkondo lakho konke, ngakunikela eNkosini. Futhi ngathi, “Loba ngaphi Ovula khona, loba yini Okwenzayo, ngizahamba kuleyo ndlela. Uze Wenze indlela, ngizaqhube ka njengalokho engiyikho Uze wenze indlela.” Futhi ngaMcela ukukwenza kube sobala ukuthi angisoze ngikhohliswe khona-ke, ngoba ngiyakholwa ngeqiniso ukuthi sise mahlanganweni endlela okwenye into ukuthi yenzakale.

<sup>20</sup> Ngikuzwe kuprofethwa lokhu kusa lapha ngoMfowethu Neville, kumbe kwanikezwa lapho engangikwazi khona ukuthi kwaku—kwakulesipfetho ayekhombela kiso. Manje, njalo-ke, ngikhulekele lonke, futhi ngifuna lonke lingikhulekele, ukuze kuthi uMoya oNgewe angikhokhelele nje khona kanye lapho engifanele ngihambe khona, lokho okufanele ngikwenze, ukuze ngingenzi phutha.

<sup>21</sup> Liyabona, izikhathi ezinengi, abantu bacabanga ukuthi isipho sesiprofetho, ukuthi uNkulunkulu uthi nje “Ngizakuphakamisela phezulu *lapha*, futhi ngikubeke phansi *lapha*. Manje wena hamba nje khona phezulu *lapha*.” Futhi Akalitsheli zonke lezo zinto. Nxa Wakwenza, khona-ke lukholo bani lokunqoba obelalo na? Bona? Bona, wena, Uyakuvumela ume wedwa ukwedlula wonke omunye umuntu. Bona? Lina lonke lingabuya kimi futhi licele izinto ezithile, futhi Akazake ehluleke kodwa ukuthi Akunike impendulo. Kunjalo. Yebo.

Kodwa ngingaMcela izinto okwami, futhi izikhathi ezinengi Uyangiyekela ngingedwa, bona, angivumele nje ngiqhubekе futhi ngingene kikho.

<sup>22</sup> Ngilezinto manje okufanele ngizilungisise ngokwami, lezingumo okumele ngizenze. Futhi lokhu kungokuqakathike kakhulu, ngize ngingenelisi ukukwenza ngize ngiqiniseke ukuthi Nguye okhuluma kimi. Futhi ngi—ngi...Angeke anginike umbono. Uyangiyekela ngingedwa. Ngakho nje nighlezi njengentandane, sengathi, lokhu kusa, a—angazi ukuthi yiphi indlela yokuya kuyo. Ngakho, ngikunikele eNkosini.

<sup>23</sup> Nge—ngezwa kanjalo, ekuphupheni lokho, kumele ngiphenduke lapha ethabhanekeli futhi ngisize uMfowethu Neville kuze kuthi enye into nje yenzakale ngasemgwaqweni. Ngakho, ngizakuba ngikhona.

<sup>24</sup> Ngibuze uMfowethu Neville ngesikhatsana esimbala esedluleyo, “Ibandla laliqhubeke kanjani na?”

Futhi wathi, “Kuhle.”

<sup>25</sup> Futhi njalo ngizwa ukuthi lilokhe lisaseleziphо zikamoya lezinto phakathi kwenu, ezisebenzayo, iziphо zesiprofetho, lo-lokukhuluma ngendimi, lokuchasiswa kwendimi, lezo esisanda kuzizwa isikhathi esimbala esedluleyo. Futhi lezo zinto ziayakha ebandleni, futhi kakhulu.

<sup>26</sup> Kodwa ngicabange, mhlawumbe lobubusuku ngingenelisa, nxax uMfowethu Neville...Nxa uMoya oNgcwele engasikhokheleli kwenye into eyahlukileyo, lobubusuku ngingathanda ukuba le...Lonke lina, lingakasuki lokhu kusa, ukuthi libhale umbuzo futhi liwubeke lapha, omunye umbuzo engqondweni yakho, ukuthi singathola lokho ibandla elikucabangayo. Yiyo indlela abelusi abalayo yokufumana nje lokho okusenhлизиweni zabantu. Futhi munye lamunye wenu olombuzo, ubhaleni futhi liwubeke phezulu lapha. Nxa ungela siqetshana sephepha uku—ukukungenisa kulokhu kusa, khonake kubhale lobubusuku, masinyane. Ngakho, ngizathanda ukuba lesikhathi esinengi njengalokho engingakwenelisa, phezu kwayo, ukuyikhangela lokuliphendula ngokoMbhalo.

<sup>27</sup> Khona-ke nxax iNkosi ithanda, nxax kungaba yintando kaNkulunkulu, ngenze isitsho lapha kungasikude, ukuthi ngizathanda ukukhuluma kini ngeziMpawu zokucina eziyisikhombisa...zikaSambulo. Manje nxax si... Angenelisanga ukungena indlela yonke kulezo Mpawu lumnyaka, ngoba kuthatha kusukela kusahluko 6 sikaSambulo, kusiya nge—kusiya ngesahluko 19, ukungena phakathi kwalezoMpawu. Kodwa ezokuqala ezintathu kumbe ezine zazo zingaphendulwa ngobusuku, ngiyacabanga, uPhawu ngalunye lusiba yibusuku.

<sup>28</sup> Manje, nxax sizwisisa, bona, lapho esima khona kuleloBhuku likaSambulo, lapho iBandla elahanjiswa khona eNkazimulweni,

khona-ke okunye kwakho kukhuluma ngamaJuda, hatshi ngeBandla lakancinyane. Kukhuluma ngesizwe samaJuda. Ngakho-ke kufanele sibuyele phansi ngemuva, kusukela ekuHlwithweni kweBandla, futhi sithathe... Siyabona lapha lokho okuthathi ndawo ngesikhathi salezoMpawu, lesikhathi seBandla labeZizwe. IBandla selihambile; futhi kanye lesizwe sikaIsrayeli, kuwela emuva futhi kulethe uIsrayeli kusukela esikhathini kutshiyana labo, kusiya phezulu esikhathini samanje; loMesiya ozayo, lapho bezakwamukela uMesiya.

<sup>29</sup> Manje liyakuthola? IBandla liyahLwithwa. UNkulunkulu wasebenza kuqala leBandla, iZikhathi zeBandla. Sakuthatha lokho. Khona-ke iBandla liyahanjiswa eNkazimulweni. Khona-ke uMoya oNgeweleya uyabuyela futhi uthathe uIsrayeli, njengesizwe. Futhi asilethe phansi kuze kube manje, lapho iDili loMtshado liqhubeKela phambili, futhi-ke aBalethe njalo ekucineni kwaleso sikhathi. Ngizakuba lebhodi lami lokubhalela, futhi ngenelise ukukudweba futhi ngikufundise, lapho isikhathi sisiza. Khona-ke iNkosi iyaphenduka kanye loMlobokazi, futhi uIsrayeli uyaMbona. Futhi, o, kuyisikhathi bani esizakuba yiso!

<sup>30</sup> Manje, singakakubophi phakathi ngokuqondileyo lokhu, kulesifundo esikhulu esikhubayo kwabesayensi zenkolo labanengi, futhi abafundisi phansi kusehla esikhathini, labantu beChurch of Christ lalabo ababuyayo ukuzokuzwa lokhu, lokho yikuthi, amaViki AngamaTshumi ayisiKhombisa kaDaniyeli. Sithole... Singeke siye phambili kuSambulo size sibophe ndawonye uMlobokazi loIsrayeli kanye lamaViki angamaTshumi ayisiKhombisa kaDaniyeli. Futhi mhlawumbe, nxa uNkulunkulu ethanda, ukuze kuthi nxa Engakhuluma kimi ngesikhathi esizayo, ukukhuluma ngamanye alawa amaViki angamaTshumi ayisiKhombisa ka...kumbe, hatshi amaViki angamaTshumi ayisiKhombisa, kodwa iMpawu zokucina eziyisikhombisa. Khona-ke iSonto elandelayo, ngizazama ukuthatha amaViki kaDaniyeli angamaTshumi ayisiKhombisa, iSonto elandelayo, iNkosi ithanda. Futhi-ke lokho kuzavula indawo khona-ke, nxa Yena engasikhokhelela, ukuqala kokunye. Awu, sizafumana kusukela lapho kusiya.

<sup>31</sup> UMfowethu Neville lami sizasebenza ndawonye kulokhu, futhi sisenza konke esingakwenelisa okokusizakala kwabantu.

<sup>32</sup> Manje, sibuyela emuva isikhathi sonke, siyakhulekela abagulayo, sihlezi sithokoza ukukwenza lokho. Futhi mhlawumbe ngizakwenza kuwo wonke umhlangano, nxa abantu begula, ukubakhulekela.

<sup>33</sup> Angifisi ukuba lokunye ukudalula njalo. Bona, manje nanku okwenzakalayo. Ngizamile. Futhi ngiyazi ngenza izinto ezingalunganga; kodwa ngizamile ukuphila eduze ngokweneleyo kuNkulunkulu, sonke isikhathi, kuNkulunkulu, yiyo indlela

limibono isenzakala, ukuthi yayithathi ndawo kanjani. Labantu babelahlekelwa yizinto, futhi bangibize, bangicele ngihambe ukuyakhuleka eNkosini, ukubuza ukuthi kwakungaphi. NjengoJese walahlekelwa zimbongolo, futhi abafana bahamba phansi ukuyadinga umprofethi, futhi wabatshela lapho imbongolo zaseziphendukile ekhaya. Lokunjalo njengalokho, lokho kulungile ngokupheleleyo. Kodwa kuthatha okunengi kwakho, abantu abanengi kangako... Hatshi nje esigabeni salapho njengalapha; kusemhlabeni wonke jikelele, bona. Ngakho kuthola nje, kuyangihlalisa ngidabukile, futhi-ke kungigcina ngikhathazekile sonke isikhathi, kuze kufike endaweni...

<sup>34</sup> Futhi yikho lokho okwabangela abazalwane ukwenza imfundiso iqale, ukuthi ngangiyiNkosi uJesu Khristu enyameni. Futhi siyakwazi ukuthi lokho kungadabula nje iNkonzo yonke ibe yiziqa, futhi kulethe isigcono phezu kukaKhristu lakho konke. Bona? Ngakho yiso isizatho ngenza okokubanika ukunyikinywa okukhulu, ukukumisa khona kanye, ukubenza babekwazi ukuthi lokho kwakungayisikho kukaNkulunkulu, lokho kwaku ngudeveli. Bona? Futhi bangabantu abalungileyo. Futhi kwatshengisa ukuthi abantu labo bazelwe kutsha ngoMoya kaNkulunkulu, ngoba, lapho bebona iQiniso ngoMbhalo, babuyela kuNkulunkulu, khona kanye, bona, masinyane. Ngakho, lokho kwatshengisa ukuthi kwakunguSathane ezama ukwenza enye into labantu; bonke babelobunkulunkulu, abantu abangamaKhristu.

<sup>35</sup> Futhi kwenza abanengi babo bathi kimi, “Mfowethu Branham, silethemba elinengi kuwe manje kulalelo esake saba lalo.”

<sup>36</sup> Ngoba bona, ini, ngesipho leso uNkulunkulu angiphileyo, kuyini engingabe ngakwenza kanye ngalokho na? Kwaphosa isizwe enyaweni zami, kumbe, abantu. Lokho esikubiza *isizwe*, akusikho “kosmos” phandle lapha, i—inkuni zamabhomba lokunjalo. Ngitsho amaKhristu, ikholwa leqiniso, lolo lulaza olwe... Sikhulumuma ngokwe *sizwe*, sitshumayela ngabantu “abazelwe kutsha,” yikho lokho esikhulumuma ngakho, isizwe. Hatshi nje umuntu wonke phandle lapha, ongcolileyo kakhulu lodaka esiluphila emhlabeni, lokho nje—lolo luthuli nje lomhlaba oluphenduka emuva. Ngikhulumuma ngamaKhristu azelwe kutsha, abantu abangamaKhristu aqotho.

<sup>37</sup> Ngilindele omunye umuntu ukungeqela njalo mayelana ngenye into. Omunye umuntu wabuya kimi kungasikude, futhi wathi, “Wona kanye umqondo, uKhristu ekhafulela emhlabathini, ngamathe Akhe, futhi esenza iqebelengwane futhi elininda emehlweni omunye umuntu.” Wathi, “Kungcole okunganani, ukungcola okwakuyikho, ukuthi Yena akhafule, ngamathe Akhe ephuma emlonyeni Wakhe! Kwakungahlanzekanga kanganani, ukukhafulela enhlabathini

lokwenza amaqebelengwane amadaka lokuwabeka phezu kwamehlo omuntu.”

Ngathi, “Kodwa waphenduka ebona.” Bona, yikho.

<sup>38</sup> Futhi leyo ndoda efanayo! Bavula isihonqo sabahamba nqunu phezulu khonale ngase ndaweni yami, uyazi, ichibi lokubhukutsha. Futhi—futhi leyo ndoda iletikit labo bonke ngamunye wabantwana bakhe ukuya phansi lapho ukuyabhukutsha kulelochibi. Futhi yena lomkakhe bayahamba, labo, kulelochibi. Lingixolele, bodadewethu. Kodwa lapho labo bafazi phakathi lapho bebhukutsha, phose ikhulu labo, kumbe amabili, nsuku zonke; abafazi, yonke leyo ngcekeza lezinto, labafazi lamuhla, lokugeza kulawo manzi, lokho kungcola lengcekeza emlonyeni yabo, futhi bekuginya lokukukhafulela phandle. Ngifuna nje ukuthi eqeles phezu kwami, bona.

<sup>39</sup> Bathi, “Nxa—nxa uKhristu wayephila lamuhla, babezakumbopha ngaleynto yokungahlanzeki.”

<sup>40</sup> Uthini ngalokho na? Ngileqiniso liyakubamba lokhu engikutshoyo. Bayangena kulelo chibi, futhi abanengi babo belemikhuhlane, isiki, injovela, lakho konke okunye, khona phakathi lapho. Futhi nje bekukhafulela emlonyeni wakho, layo yonke into njengalokho, futhi begeza ngalapho phakathi njengalokho. Futhi lokho yikungahlanzeki, yebo sibili?

<sup>41</sup> Ngakho, o, minabo, usuku lolu esiphila kilo, mflowethu, dadewethu! Yisikhathi sokuBuya kweNkosi! Futhi iBandla lilethemba elilodwa, futhi lokho yikuBuya kweNkosi.

<sup>42</sup> Awu, angeke ngimise lezo zinto; akudingakali. IBhayibhili selivele labikezelwa ukuthi bazakuba lapha. Angeke ngibamise. Kodwa ngifuna ilizwi lami lirekhodwe eZulwini, ukuthi ngangimelana lakho, lapho isikhathi sisiza ukuzokwaHlulelw. Ngangimelana lakho.

<sup>43</sup> Ngilokhu ngikholwa ukuthi leliBhayibhili yiLizwi likaNkulunkulu. Khona-ke akula okunye emhlaben, okuphikisana Lalo, okungaLimisa. Kodwa iBhayibhili leli lapha, leli liQiniso, leli liLizwi likaNkulunkulu. Ngakho manje kasidonseleni phakathi awethu—awethu—amaseyili, futhi sigxile okwesikhatsana ngasokhunjini oluthuleyo lokuPhumula lweThekwini laseZulwini. Futhi—futhi singahamba olwandle kusasa kwenye indawo, kodwa kasigxileni nje okwamanje futhi silalele eLizwini likaBaba wethu oseZulwini lapho Ezakhulumka kithi ngeLizwi Lakhe, siyatembwa, lamuhla.

<sup>44</sup> Futhi lobubusuku, manje, lungisa loba nguphi umbuzo omncinyane olawo ngakho. Manje, kungeyisiyonto ezakulimaza omunye umuntu. Nxa usenza lokho, khona-ke lokho... Ngingeke ngiphendule lowo, okokuqala, bona. Kodwa wena, enye into, uthi, “Awu, manje, nxa ngingenza into ethile, ngabe uNkulunkulu esithi kufanele senze lokhu na?” Kumbe, uyazi,

imibuzo emincinyane enhliziyweni yakho. Kumbe, "Silezipho ezisebenza kanye lathi, Mfowethu Branham, futhi kufanele sizisebenzise *ngalindlela* kumbe *ngaleyō* ndlela na? Kumbe, kuyini okumele sikwenze na?" Enye into engingaliphendula yona eMbhaweni, liyabona. Bhala enye into encinyane. Ngingathokoza. Futhi nxa kungela, khona-ke ngizakuthatha nje isifundo sokuthile, futhi ngitshumayele kini lobubusuku, iNkosi ithanda. Leyi yiSonto, futhi bengi... .

<sup>45</sup> ISonto edluleyo ngaqala ukuya koMfowethu Cauble. Futhi ngezwa ibhela lebandla leli likhala, futhi nje ngahamba ngikhwela lokwehla egumeni. Ngangingelakukumela. Yikho kuphela. Ngalizwa, ngakho nga—nga—ngafanelia nje ukuthi ngibuye.

<sup>46</sup> Ngakho manje kasikhothamiseni nje amakhanda ethu manje futhi sikhulume loMenzi wethu, futhi-ke elizwini lomkhuleko. Ukhona olesicelo esikhethekileyo na? Phakamisa nje izandla zakho, uthi nje, "Ngi..." Yenza nje sazakale. UNkulunkulu uyawkwazi lokho okusenhliziyweni yakho. Manje gcina nje isicelo sakho engqondweni yakho.

<sup>47</sup> Nkulunkulu oNgewe Kakhulu, Odale iZulu lomhlaba ngeLizwi lomlomo Wakho, ngemicabango yengqondo Yakho, siza ebuKhoneni Bakho, ngoJesu Khristu, iNkosi yethu, ukuKupha ukubonga ngakho konke lokho Osenzele khona. Futhi silokuthokoza Kuwe, Nkosi, lokhu kusa, ukwazi lapho esime khona, ukwazi isikhundla esikiso lokhu kusa, lembali yesikhathi, lekusasa ezayo. Sisazi lamuhla, ukuthi ngomusa kaNkulunkulu, ukuthi sigezwe eGazini laseKhalvari, ukuthi silungiselele, ngokholo enhliziyweni zethu, ukuhlangana Laye nxa Engabuya lamuhla. Kufanele sithi, "Loba kunjalo, woza, Nkosi Jesu."

<sup>48</sup> Futhi siyabona isono sibuthelela, kuze kukhangeleke sengathi umhlaba uyadiyazela ngaphansi kwamandla esono. Ukuthi kanjani ukunatha lokubheja, lokudakwa, lobunqunu, futhi, O Nkulunkulu, ukungcola, lengcekeza lodaka lwabantu. Futhi kanjani bona, nxa bengananzelela nje, Nkosi! Ngabe abantu labo, abagqoka njengalokho kulezo mpahla ezincinyane ezindala ezingela bunkulunkulu, futhi baphume phandle lapho esitaladeni, bayananzelela yini ukuthi kabasilutho kodwa izibungu lothuli, ukuthi mhlawumbe ngeyinye iviki izibungu zizakube zisidla lowo mzimba lowo abawukhazimulisa kangaka? Bayananzelela yini ukuthi intshunguntshu zizakuwudla, futhi umphefumulo wabo uzakuba khonale elaPhakadeni kungela Nkulunkulu, kungela Khristu, kungela themba, utshona ekulahlekelweni lithemba okujulileyo, ekutshabalalisweni kalula ekuBuyeni Kwakhe? O Nkulunkulu, siphe amazwi esi—esixwayiso, ukuze sixwayise wonke umphefumulo ngalingozi abasondela kiyo.

<sup>49</sup> Woba kanye lathi lamuhla. Sinike “amazwi enhlakanipho,” njengo Solomoni wake wathi kuMtshumayeli, ukuthi sizakuba “ngabakhi abahlakaniphileyo,” ukuthi sizakuba “ngabelusi balumbuthano.” Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi lapho sidinga amazwi okukhuluma, ukuthi azakuba le—azakuba zingcwethi ezizabamba inhliziyo esekudingeni lapha lokhu kusa.

<sup>50</sup> Asizange sibuye futhi sabuthana ngaphansi kwaloluphahla olutshisayo lamuhla, ukubonwa nje, kodwa sizile lapha ngoba siyaKuthanda, futhi ngoba sifisa ukuzwa kuvela Kuwe. UyiSithandwa sethu esisithandayo, futhi siyafisa ukuzwa aMazwi avela Kuwe. Siyathokoza ngalokho esesivele sakuzwa. Kuzahlala lathi okwesikhathi eside. Manje sinike isabelo Olaso kithi lamuhla, lapho siqhube ka silinde Kuwe. Siyakucela eBizweni likaJesu, langenxa Yakhe. Ameni.

<sup>51</sup> Manje ku...[Udade ukhuluma ngendimi, umzalwane uyachasisa—Mhl.]

<sup>52</sup> Siyabonga ngalokhu kuphakanyiswa okuvela kuMoya, kusitshela futhi kusixwayise ukukhangela aMazwi lawo mhlawumbe uMoya oNgcwele azakuwakhuluma kithi lamuhla. Futhi kasikwazi nje lokho Asibekele khona, kodwa siyakwazi ukuthi kumele kube lenye into Azakuyiletha. Mhlawumbe umbuzo usengqondweni yakho, ukuthi Uzakukhuluma ngalapho. Engakukhuluma ngoMbiko lokhu kusa. Angakukhuluma lobibusuku enkonzwensi. Yena, kwenye indawo khonapho lamuhla, Uyazama uku, kukhangeleka njengokuthi, uxwayisa omunye umuntu ukubamba aMazwi.

<sup>53</sup> Manje ukuvula eLizwini elilotshiweyo, asiyeni eBhukwini likaExodusi, okwesifundo seSikolo seSonto.

<sup>54</sup> Ngabe lilenkonzo yombhaphathizo na? [UMfowethu Neville uthi, “Hatshi, hatshi kuze kube ngelesithupha nta lintambama.”—Mhl.] Hatshi. Inkonzo yobhaphathizo ngelesithupha limini.

<sup>55</sup> Kasiyeni kusahluko 17 sikaExodusi, futhi siqale nge—ngendima 5, ngiyakholwa, indima 5 lo 6 yesahluko 17 sikaExodusi.

*Futhi iNkosi yathi kuMose, Dlula phambi kwabantu, uthathe kanye lawe kubadala bakoIsrayeli; lentonga yakho, owatshaya ngayo umfula, ithathe esandleni sakho, futhi uhambé.*

*Khangela, ngizakuma phambi kwakho...phezu kwedwala eHorebhu; futhi...uzatshaya idwala, futhi kuphume-ke kulo amanzi, ukuze abantu banathe. Futhi uMose wasesenza njalo phambi kwamehlo abadala bakoIsrayeli.*

<sup>56</sup> Manje nxa ngingabiza lesi sifundo esincinyane seSikolo seSonto, Ngingathanda ukuthatha lokhu njengesihloko

sesifundo salokhu kusa, *Amanzi Ahlala Ekhona Evela EDwaleni.*

<sup>57</sup> Siyakwazi ukuthi uIsrayeli uhlezi engumzekeliso wembali yebandla. Ngoba, uIsrayeli babengabantu bakaNkulunkulu baze baphuma eGibhithe, futhi-ke babelibandla likaNkulunkulu ngoba babehlukanisiwe lomhlaba wonke.

<sup>58</sup> Futhi lapho sesehlukanisiwe lomhlaba wonke, khona-ke siba libandla. Kodwa ingqe sixutshaniswe lomhlaba wonke, khona-ke asikho ebandleni. Manje ngiyathemba ukuthi lokho kuyajula sibili, kubamba indawo yakho. Bona, kasisilo ibandla size sehlukaniswe emhlabeni. Sizehlukanise, siphume phakathi kwabantu abangcolileyo, singasebenzelani labo, futhi singahlanganyeli izono zabo. Lingabotshelwa ejogweni linye kanye labangakholwayo, kodwa lizehlukanise ezintweni zomhlaba.

<sup>59</sup> Futhi lapho uIsrayeli eseGibhithe, babengabantu bakaNkulunkulu. Khona-ke lapho sebebizelwe phandle, kumbe sebelokuphuma, bephuma, khona-ke babizwa ngokuthi ibandla, ngoba kulapho-ke bazehlukanisa lomhlaba wonke.

<sup>60</sup> Futhi lona kanye ibala elithi *ibandla* litsho “ababizelwe phandle.” *Exodus*, “ukuphuma.” Munye lamunye wethu, njengamaKhristu, sibe lokuphuma empilweni yethu. Saba lesikhathi lapho esabizelwa phandle kwabahlanganyeli bethu, sabizelwa phandle kwabantu esake sadlelana labo, futhi saba ngabantu abehlukileyo, ukuhamba labantu abatshiyeneyo abenza ngendlela etshiyeneyo futhi bakhuluma ngendlela etshiyeneyo. Kwakuyikuphuma empilweni zethu.

<sup>61</sup> Umzekeliso omuhle sibili uIsrayeli asipha wona, lapho uNkulunkulu ebabiza ukuphuma. Baba lokuphuma, futhi baphuma phakathi kwa—kwabantu bomhlaba, futhi baba yisizwe esahlukanisiweyo, ngakuNkulunkulu, abantu abangajwayelekanga. Bahamba ngaphansi kwamathunzi esihlalo somusa. Babephila futhi behamba ngeNsika yoMlilo enkulu. Futhi uNkulunkulu wabakhupha eGibhithe, besiya ezweni Alithembisayo.

<sup>62</sup> Futhi, kulokhu kuphuma, baphiwa umkhokheli kamoya, umkhokheli, owaye nguMose, umprofethi omkhulu ogcotshiweyo owayeyi—yindoda enkulu. Wayeyindoda elobunkulunkulu, wazalwa eyindoda elobunkulukulu. UNkulunkulu wambiza kumama wakhe, lalapho singakafiki leso sikhathi; UNkulunkulu wamgcoba umhlaba ungakasekelwa, ukuba ngumkhokheli kuleso sizukulwane, ukuletha lokhu kuphuma ebantwini.

<sup>63</sup> Lapha ngesinye isikhathi esedluleyo, ngakhuluma kubantwana abancinyane lapha ethabhanelekeli, futhi ngaba lentshumayelo encinyane kubo; futhi ngabatshela, kumbe

ngapha umzekeliso omncinyane wokuthi uJokebedi, ukuthi wakhuleka kanjani, yena loAmramu, ubaba kaMose, mayelana ngokwenza enye into ngokukhulula abantu. Futhi uAmramu wabona umbono kaNkulunkulu emile, kumbe iNgilosi, ikhomba enyakatho, futhi yamtshela lokho okwakuzathathi ndawo. Futhi uMose omncinyane wazalwa. Futhi abazange besabe imilayo yenkosи, loba ukusongela. Babakwazi ukuthi uNkulunkulu wayelesandla Sakhe kuMose, futhi lokho kwayiqeda indaba. Kunjalo. Kungelandaba lokho inkosi eyakukhulumayo, lokho umhlaba wepolitiki owakukhulumayo, loba yini okunye okwakukhulumayo, babakwazi uNkulunkulu wayelesandla Sakhe kuMose. Ngakho babengesabi ukumyekela ahambe, khona phakathi kwezingwenya; lapho zonke nje zazinonile ngabantwana bamaHebheru abancinyane, lapho ababebadlise khona phandle-le ngengwenya. Futhi kanti uMose wafakwa phakathi komtshokotsho omncinyane futhi wathunyelwa phakathi kwengwenya, khona phakathi kwazo. Ngoba, babengesabi lutho, bakwazi ukuthi uNkulunkulu wayelesandla Sakhe kuMose.

<sup>64</sup> Awu, manje, nxo singabakwazi nje leyo nto efanayo, ukuthi uMkhokheli wethu omkhulu, uMoya oNgewe, uNkulunkulu uMthumile, futhi UNGU Mkhokheli wethu, futhi kungelani lokuthi umhlaba uthini, lokuthi bakuhleka okunganani futhi bekwenza inhlekisa, silandela uMkhokheli wethu! UNkulunkulu wathumela uMoya oNgewe ukuba nguMkhokheli wethu. Bona? “Okwesikhatshana umhlaba awusayi kungiBona futhi. Kukanti lizaNgibona, ngoba Ngizakuba lani, laphakathi kwenu, kuze kube sekupheleni komhlaba.” Ngakho, uMkhokheli wethu omkhulu ukanye lathi, uMoya oNgewe. Manje kumele silandele luMkhokheli futhi senze njenga lokho Athi sikwenze. Futhi luMkhokheli akasoze asisuse endleleni, Uzakusigcina khona endleleni yoMbhalo sonke isikhathi. Kodwa Akasoze ahambele lutho *kwelingye* icele, *lalelicele* okwenye into. Uzahlala khona kanye endleleni yeMibhalo.

<sup>65</sup> Futhi uMose wayelomkhondo wokuhambisa uIsrayeli, futhi alandele-ke echapha uLwandle oluBomvu, khona phetsheyia kweJordani, khona ezweni lesithembiso, khona phakathi kwenkangala. Kwakungasuye uMose owaphuma emzileni. Kwakungasuye uNkulunkulu phandle komzila. Kwakungabantu phandle komzila, okwabangela uhlupho. Ngakho, kasicabangeni ngalezi izinto manje. (Uxolo.)

<sup>66</sup> UMose, njengomkhokheli ogcotshiweyo. Ekucineni, lapho esetshengisile ebantwini, ngezibonakaliso lezimangaliso, lezo uNkulunkulu kuphela ayengazenza, wenza lezi izibonakaliso lezimangaliso phambi kwabadala bakoIsrayeli, laphambi kukalIsrayeli, baze basuthiseka ukuthi luMose wayengogotshiweyo owayezakuba phumisa phandle kwaleli

lizwe, besiya kulelo lizwe elihle ababelithenjisiwe. Khonake lapho bebona izinto lezi ezinkulu uMose azenzayo ebizweni likaNkulunkulu, babethanda ukumlandela. Futhi wabakhuphela phandle, wabakhokhelela ngasoLwandle oluBomvu, bachapha, babesemhlabathini owomileyo, lasohambweni lwasenkangala, kusitsho isikhathi sokuvivinywa.

<sup>67</sup> Lapho umuntu esemukela uKhristu njengomsindisi wakhe, yonke into iphezu kwendlu. Kodwa, ngaphambi kokuba lindoda ibuye ekubhaphathizweni ngoMoya oNgcwele, lumuntu, kumele kuqala abe lohlelo lokungcweliswa. Kumele abe lesikhathi sokuvivinywa empilweni yakhe. Lonke lina laba laso. Waba lalesi isikhathi sokuvivinywa. "Yonke indodana ebuya kuNkulunkulu, iyatshaywa kuqala, iqondiswe, ilaywe. Futhi nxa singeke simele ukulaywa, khona-ke kuyatshengisa ukuthi asisibo bantwana bakaNkulunkulu; singabantwana bobufube, futhi asisibo abantwana bakaNkulunkulu," iBhayibhili latsho. Kodwa nxa singamela ukulaywa, sisazi ukuthi "izintu zonke zisebenza ndawonye kokuhle kulabo abathanda uNkulunkulu," khona-ke singamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu, khona-ke Uyasibeka uphawu ngoMoya oNgcwele kuze kube lusuku lwethu lokuhlengwa. Bona, lokho yikulaywa, ubunzima, into esidlula kiyo.

Futhi uIsrayeli, njengomfanekiso wembali, wayemele athathe lokhu kulaywa.

<sup>68</sup> Manje, lapho bephansi eGibhithe, futhi uNkulunkulu wathumela uMose. Futhi welula intonga, futhi indwebundwebu lentwala zaphuma emhlabathini. Welulela ngaselangeni, futhi latshona. Wayelula ngasemanzini, futhi antshintsha abaligazi. Ngani, uIsrayeli wayele eKhenani...ngale e—eGosheni, elesikhathi nje esiyinkazimulo; ilanga kalizange litstone, inhlupho azizange zibatshaye; ngani, babesibalesikhathi nje esiyinkazimulo!

<sup>69</sup> Njengalokho owakwenzayo lapho uqala ukusindiswa. Yonke into, inyoni zahlabela ngokwahlkileyo, lomuntu wonke wayehlabusa. Futhi, o, minabo, ukuthi yonke into yayinhle kanjani lapho uqala ukusindiswa! Khona-ke kwasekusiza isikhathi sokuvivinywa, ukulaywa, isikhathi sokungcweliswa, uzingewelisa ezintweni zomhlaba, "ulahla konke okusindayo lalokho okukuthandele kalula." Wena, indoda, wawufanele ume ukubhema kwakho, ume ukunatha kwakho, ume ukuhamba kwakho endlini yokubheja, amaphathi amakhasi akho obusuku bonke. Zonke izinto lezo, wawufanele uzingcwelise kuzo, ngokholo eGazini likaJesu Khristu. Uzingcwelisa wena! Lina bafazi lalimele litshiye inwele zenu zikhule, lenze zibe zinde iziqqoko zenu, futhi lenze okwahlukileyo kulalokho elaliyikho. Isikhathi sokungcwelisa! Izikhathi ezinengi bayahlamuka futhi babuyele emuva; awu, lowo akasuye umntwana kaNkulunkulu,

bona. Umntwana kaNkulunkulu ukhangela eqonde eKhalvari, futhi uyakwazi ukuthi kungokobuhle bakhe.

<sup>70</sup> Ngakho-ke lolo hlelo lwesikhathi, yikho lapho ukuwa okukhulu okwabuya khona, koIsrayeli. Lapho lesi sikhathi esikhulu sokuminyana bengena, khona-ke abantu baqala ukuwa, kusuka kwelinye icele besiya kwelinye. Khona-ke ekukhulumisaneni kwabo, “Awu, sifisa ngabe sasibuyele phansi eGibhithe. Imiphefumulo yethu iyanengwa yilesisinkwa esilula.” Ngamanye amazwi, nxa ngingakuthatha ngokwembali manje, yikho lokho abakutshoyo.

<sup>71</sup> Manje ngosuku lwamanje, kwakuzakuba yilokhu, “O, ubusuku bonke bangoLwesithathu, umhlangano womthandazo! ngokusa konke kwangeSonto ekuseni, sibuyelete ebandleni! Kuyini esikuzwayo na? Into efanayo; umtshumayeli uyasukuma futhi atshumayele; ingoma; abuyelete emuva.” Bona, khona-ke uhamba nje njengomzila womsebenzi. Awusuye mkhonzi. Umkhonzi uyahamba lapho ukuyakhonza, ukuzibonakalisa phambi kukaNkulunkulu wakhe, ukudumisa uNkulunkulu ngobuhle Bakhe; kulo lonke iLizwi, ubambelela Kulo.

<sup>72</sup> Njengendaba yothando. Nxa wawuhamba lenkazana ngoba usazi ukuthi ngumlandu, kumbe uhamba lomfana, lapho usasemutsha. “Umama ufunu ngihambisane lalumfo, kodwa uyakudina.” Awutholi lutho ngaye esiza ukuzokubona. Kumbe, nxa kuyindlela efanayo ngenkazana kumfana, kumbe umfana enkazaneni. Uyahamba laye, uyakudina; umama ufunu uhambe laye ngoba uluhlobo lwenkazana umama ayithandayo. Bona, kuyakudina; akula ndaba yokuthandana. Kodwa awulandaba, awufuni ukugeza, awufuni ukuyambona. Futhi kuyi...Ngani, kuyinto embi. Futhi lapho esiza ukuzokubona, minabo, uyafisa nje ukuthi aphangise, ahambe ngekhaya.

<sup>73</sup> Yiyo indlela efanayo lapho wena, “Kungani etshumayela isikhathi eside kangaka? Uthini ngazo zonke *lezi* izinto, lakho konke?” Bona, awukho othandweni.

<sup>74</sup> Kodwa lapho ubambelela sibili kulo lonke iLizwi, njengoba uMoya elinike isixwayiso lokhu kusa, bona, “Ukubambelela phezu kweLizwi lonke.” Lokho kungaba yikho Akade ekukhuluma ngakho kini. Ukubambelela! KuyiMpilo elaPhakade, lonke iLizwi likaNkulunkulu. Kuyintokozo ukuya ebandleni, ngaphansi kwaloba yisiphi isimo. Loba kuyatshissa, kuyaqanda, kungelandaba, loba abantu bayaphophothisana, bayabhongelana, loba kuyini abakwenzayo, lokhe kuyintokozo ukuzwa iLizwi leNkosi. Khona-ke usothoneweni loKhristu, bona, uyathanda ukuya ebandleni.

<sup>75</sup> “Awu, sithandwa, lapha kungeSonto ekuseni njalo, Ngithemba kufanele sigezise abancinyane futhi sehlele phansi lapho. Minabo, kuyadina!” Bona, awukho othandweni.

<sup>76</sup> Kodwa nxa usothatweni sibili, awungeke ulindele nje kuze kuthi ukusa kwangeSonto kufike, kumele nje ufiye phansi lapho kanye labo. Futhi siyathola, futhi ukutshiya... Abantu bakaNkulunkulu, abakudini. Ngani, bangaba—bangabafowethu labodade. Njengoba ngangivame ukutsho, “Uyajiya njengelambazi laMabele ngokusa okuqandayo.” A—alijuluki, liyanamathelana, uyazi, liyahlangana libambane. Manje, leso yisitsho esingahloniphiyo, kodwa yi—yi—yikuzama ukulazisa lokho engikutshoyo, uyabona. Liyanamathelana. Futhi lapho kuqanda, kulapho benamathelana kakhulu. Futhi yiyo indlela okufanele kube ngayo ngathi. Lapho kuqanda ngamandla...

Lapho abangane basemhlabeni bekutshiya,  
Uba ulokhe unamatela duzane Laye!

<sup>77</sup> Futhi lokho esikuthandayo, munye lamunye, akusikho ngoba singumuntu othile; kodwa nguKhristu komunye lomunye, lowo esimthandayo, uyabona. NguNkulunkulu ophakathi kwethu, lowo esimthandayo. Manje siyathanda ukubuya ndawonye. Sasivame ukuhlabela ihubo elidala:

Masibusiswe isibopho esibophanisa  
Inhlizyo zethu othandweni lwesiKhristu;  
Ubudlelwano bomqondo ofananayo  
Bufana lalobo obuPhezulu. (Bona?)

Ubudlelwano bemikhumbulo efanayo  
Bunjengalokho okwaPhezulu.

Phambi kwesiHlalo sikaBaba wethu,  
Siyathulula imikhuleko yethu etshisekayo;  
Ukwesaba kwethu, amathemba ethu, inhlos  
zethu zinye,  
Induduzo zethu leminako.

<sup>78</sup> Bona? Yebo, mnumzana! Lapho omunye ebelesibusiso, sonke siyathaba ngakho. Lapho omunye edanile, sidana kanye laye. Si—sifuna ukuba ndawonye sonke. Manje yiyo indlela okufanele sibe ngayo.

<sup>79</sup> Futhi yiyo indlela uIsrayeli ayefanele abe yiyo. Kodwa kwaba ngumthwalo, “O, lesi isinkwa esidala esilula!” Isinkwa seNgilosi, “Awu, kuyini esilendaba ngakho ngalesi isinkwa esilula esidala? Imiphefumulo yethu iyanegwa ngalinto! Futhi yonke into ayilunganga. Futhi—futhi limana endala ewa phansi ubusuku bonke, ngani, singangcono sibe legaliki lelikhi eGibhithe.” Liyabona, inhlizyo zabo zazingalungelanga uhambo.

<sup>80</sup> Futhi lapho indoda kumbe umfazi eqala ukukhonona ngokuhamba ebandleni, bayadinwa kakhulu ngokuya ebandleni, abalungelanga uhambo. Kunjalo. Kulenye into engalunganga kwenye indawo.

<sup>81</sup> O, lapho uthanda uNkulunkulu, futhi ucabanga ukuthi uya eZulwini, lani lonke lihamba ndawonye:

Yibuddelwano bani, yintokozo bani yaPhezulu,  
Ngeyame engalweni zalaphakade;  
O, yikuthula bani okubusisekileyo kanye  
leNkosi yami iseduze kangako,  
Ngeyame engalweni Zakhe zalaphakade.

Kuyi... Siyahlabela lawo mahubo.

Siyabelana izinhlupho zethu ezifanayo,  
Imithwalo yethu efanayo siyayithwala;  
Futhi izikhathi zonke komunye lomunye  
luyageleza  
Unyembezi lokuzwelana.  
Lapho sisehlukana,  
Kuyasizwisa ubuhlungu ngaphakathi;  
Kodwa sizahlala sihlanganisiwe enhliziyweni,  
Futhi sithemba ukuhlangana njalo  
emhlanganweni womthandazo olandelayo.  
(Yebo, mnumzana, lokhe sisahlangene  
enhliziyweni!)

<sup>82</sup> Manje usulungiselela uhambo, bona, usulungele ukuya eLizweni lesithembiso. Izikhathi zokuvivinywa, nanso indawo eyingozi; inkangala, izikhathi zokuvivinywa.

<sup>83</sup> UIsrayeli, esikhathini sakhe sokuvivinywa, wafika ekuxabaneni lokupophothisana omunye lomunye, futhi lokunengeka ngesinkwa. Futhi babefuna ukubuyela eGibhithe.

<sup>84</sup> Futhi-ke baqala ukukhonona ngomkhokheli wabo. O, babesesaba ukuthi wayebakhokhelela ekduheni; emva kokuba esezeitshengisile ukuba ngumkhokheli, futhi uNkulunkulu wayefakazile ukuthi wayengumkhokheli. “Awu, mhlawumbe senze okwedlulisa amalawulo kancinyane. Futhi—futhi mhlawumbe sisukile, ngonyawo olungayisilo,” kumbe, enye into enjengalokho, bona, babekhulumu bemelana loNkulunkulu futhi bemelana loMose, uNkulunkulu lomkhokheli Wakhe.

<sup>85</sup> Manje nxa sifika endaweni, sisithi, “Angazi ukuba iLizwi litsho *Lokhu*, kumbe hatshi,” futhi, “Angazi ngoMoya oNgcwele; ngingathi ngilokuthandabuza ngaLokho. Ngiyazi abanye abangathandabuziyo.” Awu, qhubeka uye eGibhithe. Bona?

<sup>86</sup> Kodwa nxa uzimisele sibili ukuhlala emgwaqwensi, hlala kanye laluMkhokheli, uMoya oNgcwele, hlala kanye leLizwi. Futhi nxa ungahlala loMoya, Uzakugcina eLizwini. Kunjalo. Uzakukuthatha khona phansi emzileni, indlela yeLizwi. Futhi lingaWesabi. Awusoze ulimaze lutho, Uzakukusiza nxa ulimele. Uzapholisa zonke inhlungu, uMoya oNgcwele uzakwenza.

<sup>87</sup> Manje siyafumana ukuthi, ngakulindlela, emva kokuba sebe njengalokhu, babuya endaweni yeHorebhu. Futhi H-o-r-e-b-h-

u, Horebhu, khona-ke siyafumana... Kasilehlukanise lelobizo. Yikho lapho i—ibizo *Horebhu* litsho “indawo eyomileyo” kumbe i “nkangala.”

<sup>88</sup> Futhi lapho siphuma ebudlelwaneni omunye lomunye ebandleni, laphandle kobudlelwano loMoya oNgcwele, kuyasiletha endaweni ewomileyo, inkangala, akula lutho oluphilayo, yonke into ilokuhlabayo kukho. Bona, i—inkangala isiqephu esincinyane sedolofiya lalawo meva kuwo. Belikwazi ukuthi lokho bekuyini na? Lelo lihlamvu elincinyane elithambileyo eliliguu elingatholanga amanzi, lizigoqile kangako lwaze lwaba ngameva. Futhi lapho ubona umuntu onjengalokho, mhlawumbe ngumphefumulo oligugu ongabe wathelezelwa kuhle, wawungabe uluhlamvu oluncinyane oluthambileyo kumbe enye into. Kodwa kulalokho, liziphothile laze laba ngameva, liyahla nje yonke into, uyazi, lithola icala. Into kuphela okuyifunayo nje ngamanzi. Yikho kuphela. Lidinga nje i—imvuselelo, kumbe ukwephulwa, ukuhlumeleliswa kuvela eNkosini. Liza—liza zelula ubuncane balo, nxa nje ungalifaka emanzini.

<sup>89</sup> Kodwa, yikho lapho abaphila kuleyo ndawo kumele bahlupheke ngezimo zaleyondawo. Futhi labo abafisa ukuphila kulolohlobo lwesimo, lapho yonke into nje iyahlaba futhi iphophotha, futhi ixabana lokuzondelana njengalokho, awu, uzaphila nje ngaphansi kwalowo mumo, yikho kuphela. Kodwa akudingi sihlale lapho, akudingakali kithi ukuhlala lapho.

<sup>90</sup> Manje, liHorebhu kwakuyindawo lapho uNkulunkulu adaniswa khona ngabantu, ngoba babezulazulele kulindawo futhi bafika kulesi isimo. Futhi Wabaletsha ngqo kukho, ngenxa yokuthi babengelakuhamba endleleni. Baphuma e—emgwaqweni omkhulu, baphuma nganeno kuloluhlangothi lomgwaqo. Futhi-ke kwabangela uNkulunkulu ukwenza into eyayisesabeka. Wa... Kwabangela uNkulunkulu ukwenza uMose athathe intonga yokwahlulela ayeahlulele isizwe ngayo, futhi atshaye iDwala, ukuletha amanzi.

<sup>91</sup> Manje, kulesifundo esihle lapha nxa nje singakuthola, bona. Futhi ngenxa yokuthi siyaphuma phandle kwendlela, lokubotshwa ngumhlabo, lezinto, kwabangela uNkulunkulu ukuthatha ukwahlulela komhlabo futhi atshaye iNdodana Yakhe uQobo ngakho, eKhalvari, ukuze thina sikhululeke. Liyakubona lokho engikutshoyo na?

<sup>92</sup> Manje, ukuze sifikise abantu laba emanzini, ngemva kokuba sebefike khonale, lindawo ewomileyo yenziwa iKhalvari. Futhi lapho uNkulunkulu watshela uMose, Wathi, “Thatha intonga labadala, futhi uphume, njalo ngizakuma eDwaleni phambi kwakho.” Futhi leli Dwala lalinguKhristu. Futhi uMose, ngentonga ayelethe ngayo ukwahlulela phezu kwesizwe sikaIsrayeli, wathatha lintonga yinye futhi watshaya

ukwahlulelwa kukaNkulunkulu phezu kweDwala. Bona? Wathatha izono zabantu phezu kwalintonga. Lokho, okumele ngabe watshaya abantu. Kulokutshaya abantu, watshaya iDwala. Futhi iDwala, ngomsebenzi kaNkulunkulu, laletha insindiso, laletha amanzi ebantwini ababhubhayo. Laletha impilo ebantwini abafayo. Futhi yikho lokho uNkulunkulu akwenzayo ngokuthatha isigodo Sakhe—Sakhe sentonga yokwahlulela, futhi egoqela izono zami lezonzo zakho kulintonga; lapho yayimele ukuthi isitshaye, kodwa yatshaya uKhristu; ukuthi Kuye kwaphuma *amanzi*, okutsho ukuthi “uMoya,” uMoya oNgcwele waphuma Kuye, ukusinika iMpilo. Manje sileMpilo elaPhakade. Manje, leloDwala lalinguKhristu. Manje sifuna ukunanzelela.

<sup>93</sup> Ngabona ukudweba okunengi okwenhlakaniphо ngaleliDwala. Ngabona okunye okwedlulise kakhuI sibili, kungasikude, kwaze kwathi lapho kwakule—ledwala elincinyane lihlezi phezu koqaqa. Futhi—futhi uMose wayemele ngabe watshaya lelidwala, futhi uIsrayeli wayephansi phakathi lapho elenkezo yetiye, ebanika okokunatha okuvela ethonsini elincinyane elawa phansi livela kulelidwala. Manje lokho nje ngumbo no nje womunye umuntu.

<sup>94</sup> Kodwa lapho leliDwala liletha amanzi Alo, kwakulabantu abedlula izigidi ezimbili, ngaphandle kwenkabi, amakamela, lakho konke okunye okwanatha amathabhu amanzi aphuma Kilo. Kwakuyisifula esasiphuphuma esaphumayo lapho!

<sup>95</sup> Yiyo indlela abazama ukwenza uKhristu, uMoya oNgcwele lamuhla. “Yikufafaza okuncinyane nje.” Bona, okweneleyo nje ukukwenza ukholwe ukuthi kuloNkulunkulu. Hatshi.

<sup>96</sup> Kuyibunengi baManzi! UDavida wathi, “Inkezo yami iyaphuphuma!” Yikuphuphuma nje kukaMoya oNgcwele.

<sup>97</sup> Abantu bayaKwesaba. Abanye abantu bathi, “Awu, ngiyesaba nje kancinyane ukuthi ngizakwenza *lokhu* kumbe *lokho*, kumbe nxa ngingenza ukuthi ngijule kakhuI kancinyane. Ngingakutshengisa omunye umuntu wahamba okungathi kwedlulise kakhuI.” Kodwa awukhombeli kulokho okungazange kuhambe kude okweneleyo. Bona? Yebo, uthini-ke ngalabo abangazange bahambe kude okweneleyo?

<sup>98</sup> Manje, sesaba labanye abantu abangena enyameni, futhi bahamba ngonyawo olungayisilo. Futhi—futhi hatshi uNkulunkulu, kodwa abantu baba...Ngenxa yobukhokheli obungalunganga, lokunjalo, kwabayeka bahamba ngonyawo olungayisilo, futhi bayangena ekwedluliseni amalawulo. Futhi-ke umhlaba wonke, udeveli ukhomba kibo, “Bona lokho! Bona lokho!”

<sup>99</sup> Awu, mangime lokhu kusa futhi ngikhombe ngemuva kulezi zigidi ezingamatshumi eziphindwe kanengi ezingazange zilinge ukuqalisu. Uthini ngabo na? Bona, khangela isimo sabo.

Khangela indoda enjengo Eichmann lamuhla, olokuphezulu... Bathi, "Amaphentekhostali awaziphathi futhi abalamkhuba, futhi kawafundanga," lokunjalo njenga lokho. Khangela u-Eichmann, omunye wamadoda afunde kakhulu emhlabeni. Futhi wabulala, abantwana abayizigidi eziyisithupha lobafazi lamadoda, imiphefumulo eyizigidi eziyisithupha. Kawufuni ukukhombela komunye umuntu onjenga lokho.

<sup>100</sup> Kodwa omunye umfo omncinyane owayengenelisi ukubala, ngitsho, wabiza mhlawumbe ibizo leBhayibhili ngokongayisikho, futhi, kumbe mhlawumbe wakhuluma into kumbe wenza into ngokungayisikho, kumbe wenza iphutha, amaphephandaba afuna ukukubhala yonke indawo, futhi athi, "Kabamelanga bathenjwe."

<sup>101</sup> Khona-ke uba lokho kungeke kwathenjwa, kungani imfundu-ke, izinto izihlakaniphi ezilazo lamhlanje? Khangela u-Adolf Hitler. Khangela ingqondo zomhlaba lamuhla. Bakhangeleni. Isaga sakudala, "Iqhude lesikhukhukazi sedada kakubanjwe ngokufanayo."

<sup>102</sup> Into okumele uyenze yikwenelisa, ngoMoya oNgcwele, ukwehlukanisa okuhle lokubi, lokuthatha lokho okuhle lokubi.

<sup>103</sup> Manje, siyafumana ukuthi liKhalvari ababelayo, futhi lamanzi empilo aphuphumela abantu.

<sup>104</sup> Manje, abanye abantu balakho phezu kwenhliziyo zabo lengqondo, ukuthi wonke uIsrayeli wanatha, futhi-ke bathatha amakamela abo futhi babopha izintambo zabo emabhizeni abo, lokunjalo, futhi bathatha abantwana babo futhi bahamba kwenye indawo, futhi batshiya iDwala lapho, lifafaza. Lokho akusikho.

<sup>105</sup> Lelo Dwala labalandela, lalawo manzi abalandela. Manje kwabaseKhorinte bokuQala, isahluko 10, ngiyakholwa, futhi lendima 11, ungakuthola, ukuthi "Lelo Dwala lalandela uIsrayeli." Loba ngaphi lapho abaya khona kusukela lolosuku kusiya, iDwala lahamba labo, lamanzi abalandela.

<sup>106</sup> Ngumfanekiso omuhle kanganani, futhi u—ukubamba okuhle lengwegwe okwekholwa lamuhla, abaziyo ukuthi lelo Dwala elake latshaywa, lawo Manzi ake athululeka eKhalvari, ahamba lathi loba ngaphi esikhona! O, minabo! Akusikho ukubuyela endaweni ethile, futhi uthi, "Awu, sibe laManzi kuthange, laphayana." SilaManzi lamuhla, khona lapha, ngoba lelo Dwala lalinguKhristu! Futhi uKhristu ungofanayo izolo, lamuhla, laninini.

<sup>107</sup> Bona, lelo Dwala lalandela uIsrayeli. Abazange balandele iDwala, kodwa iDwala labalandela. Amen. UIsrayeli wahamba ohambweni lwabo. Babe lento eyodwa yokwenza, lokho, hlala endleleni eqondileyo, uqonde khona kanye ezweni lesithembiso. Futhi iDwala lamanzi kwabalandela.

... iDwala libalandela bona: ...

AbaseKhorinte bokuQala bayakutshela njalo, isahluko 10. Kulungile.

... lelo Dwala lalinguKhristu.

<sup>108</sup> UNkulunkulu wathatha izahlulelo zabantu futhi wazibeka phezu kukaKhristu, futhi baMtshaya. Linanzelele, kwakuleliwa eDwaleni, kusukela lapho kusiya? IDwala lalileliwa kilo, lapho uMose atshaya khona. Futhi uKhristu wayeleliwa, lapho Etshaywa, “Walinyazelwa iziphambeko zethu, futhi ngamanxeba Akhe sasiliswa.” Kusukela kuleyo Mpilo kweza Amanzi eMpilo esiwakhola kangako lamuhla!

<sup>109</sup> Manje, ukuze uzuze liMpilo, khumbula, iMpilo kaKhristu ihlala leBandla. Haleuya! O, nxa singagxilisa imicabango yethu lapho okwemzuzu elitshumi elandelayo! UKhristu katshiyi iBandla. “Ngizakuba lani kokuphela, kuze kube sekupheleni komhlaba.” Ngabantu abatshiya uKhristu, hatshi uKhristu etshiya abantu. Abantu bayaLitshiya, ngokungakholwa kwabo. Batshiya uKhristu, hatshi uKhristu etshiya abantu.

<sup>110</sup> UIsrayeli watshiya isifula, hatshi isifula sitshiya uIsrayeli. Bona? Ngoba, iBhayibhili liyatsho ngokusobala ukuthi, “IDwala lamanzi kwalandela uIsrayeli.” Labalandela! Loba ngaphi abahamba khona, Lahamba, futhi.

<sup>111</sup> O, ngizathanda, lokhu kusa, nxa besilesikhathi, ukuvula kusahluko 1 sikaJoshua, lapho Athi khona, “Yonke indawo lapho ingaphansi yonyawo lwenu ezanyathela khona, ngilinikile. Loba ngaphi oya khona, iNkosi uNkulunkulu wakho ukanye lawe. Ungesabi loba wuphi umuntu. Woba lesibindi! Loba ngaphi onyathela khona, Ngikhona lapho kanye lawe, kungela ndaba ukuthi kungaphi.” UNkulunkulu ehamba loJoshua!

<sup>112</sup> UNkulunkulu ofanayo uhamba leBandla Lakhe lokhu kusa. Masinatheni kuluMthombo ngaphetsheya. Loba ngaphi onyathela khona, kulapho uNkulunkulu azakube ekhona kanye lawe, ukuletha amanzi lokukupha iMpilo. “Ngizakuba lawe kokuphela, kuze kube sekupheleni kwesikhathi.” UKhristu ofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Imithetho kaNkulunkulu.

<sup>113</sup> Manje wena uthi, “Khona-ke, Mfowethu Branham, kungani kuyikuthi kasenzi izinto okumele sizenze? Kukanjani ukuthi izipho zethu lezinto ebandleni kazibuyi embaleni wazo, lapho okufanele zibe khona? Kungani ukuthi ibandla lethu aliphakami endaweni lapho okufanele libe khona?” Abantu, esikhathini sokuvivinywa, bayawa njengalokho uIsrayeli akwenzayo. Bacabanga ukuthi uNkulunkulu ubatshiyle.

